

THE APOSTOLIC FAITH MISSION  
OF SOUTH AFRICA

# NEWSFLASH

With isiZulu Translations

10 OCTOBER 2025



## AFM Colleague,

### 1. ENCOURAGEMENT FOR GR 12'S & STUDENTS

As our matric learners are preparing for their final exams, they must be reminded that this season is not just about tests on paper, but also about growing in faith, discipline, and perseverance. This also applies to all students in their different years of study.

Please make time to pray for the grade 12's and students in your assembly. Remind them that God has given them the ability to learn, understand, and succeed. They must stay calm, do their best, and trust Him with the rest. The Bible reminds us in Philippians 4:13 (NKJV) "I can do all things through Christ who strengthens me." This means that no matter how challenging the exams may seem, learners and students are not alone: God's strength is available every step of the way, but they need to do their part.

Prepare diligently, rest when needed, and pray for peace of mind and clarity of thought. Remember, your value is not determined by your marks, but by who you are in Christ. As you walk into each exam room, carry confidence, not fear - because the same God who brought you this far will carry you through to success. Proverbs 16:3 (NKJV) also reminds us, "Commit your works to the Lord, and your thoughts will be established." So, commit your studies and your future to Him, do the best you can in preparation and believe that His plans for you are good. Keep faith, stay focused, and finish strong -you were made for this moment!

## RESOURCES / IZINSIZA

**Download the AFM of SA's Response to the CRL's Call**

**to Regulate Religion:**

<https://afm-ags.org/media-articles/>

**Download the Latest AFM of SA Circular – Pastors' Appreciation Month:**


<https://afm-ags.org/media-articles/>

**Access & Download the 2026 AFM of SA National Calendar:**

<https://afm-ags.org/media-articles/>

Connect with Us:





## 1. IBANGA LE-12 NABAFUNDI

Njengoba abafundi bethu bakamatikuletsheni belungiselela izivivinyo zokuphela konyaka, kumele bakhunjuzwe ukuthi le sisikhathi akusona isikhathi sovivinyo ngendlela yokubhala kuphela, kodwa imayelana nokukhula okholweni, ukuzithiba nokubekezel. Lokhu kubhekiswe futhi kubo bonke abafundi emazingeni abo ahlukene okufunda.

Sicela uzinike isikhathi sokuthandazel abafundi bebanga le-12 kanye nalabo abasemazingeni aphansi. Nibakhumbuze ukuthi uNkulunkulu ubanike ikhono lokufunda, ukuqonda nempumelelo. Kufanele bahlale bezolile, benze konke okusemandleni abo ukuze baphumelele, futhi bamethembe kukhokonke. IBhayibheli liyasikhumbuza kweyakwabaseFilipi 4:13 (ZUL59) "Nginamandla ukwenza konke ngaye ongiqinisayo." Lokhu kusho ukuthi kungakhathaliseki ukuthi izivivinyo zingabonakala zinzima kangakanani, abafundi kababodwa: amandla kaNkulunkulu atholakala kuzo zonke izimo zendlela, kodwa kudingeka ukuthi nabo benze ingxeny yabo.

Lungiselela ngenkuthalo, uphumule uma kudingeka, futhi uthandazele ukuthula kwengqondo nokuhleleka kahle komqondo. Khumbula, ukuthi ubuwena nokubaluleka kwakho akusekelwanga phezu kwamaphuzu ozowafumana ezivivinyweni, kodwa kuncike ekuthini wena ungubani kuKristu. Njengoba ungena egumbini ngalinye lokuhlolwa, zethembe, ungesabi - ngoba yena lo Nkulunkulu owenze ukuthi ufile kulezinga okulona manje, nguye ozokuyisa empumelelweni.

IzAga 16:3 (ZUL59) nazo ziyasikhumbuza, "Gingqela kuJehova imisebenzi yakho, ukuze kuqiniswe amasu akho." Ngakho-ke, nikela izifundo zakho kanye nekusasa lakho Kuye, yenza konke okusemandleni akho ekuzilungiseleleni futhi ukholwe ukuthi izinhlelo Zakhe ngawe zinhle. Gcina ukholo, hlala ugxilile, futhi uqede ngempumelelo -wenzelwe lesi sikhathi.

## 2.APPRECIATION OF OUR SENIOR MEMBERS

Today, I also want to remind our pastors to pause to honour and appreciate our senior members who have faithfully walked with God and served His people over the years. Their journey of faith, prayer, and perseverance has been a living testimony of God's grace and goodness. They have built a foundation for the next generation through their example of steadfast love, integrity, and devotion to Christ.

The wisdom they share and the sacrifices they have made continue to inspire us to walk faithfully in our own calling. The Bible says in Proverbs 16:31 (NKJV) "The silver-haired head is a crown of glory; it is found in the way of righteousness." The age of our senior members is a crown that reflects a life lived in faith and service. Like the Apostle Paul, they can truly say, "I have fought the good fight, I have finished the race, I have kept the faith" - 2 Timothy 4:7(NKJV).

Let us thank our senior members for showing us what it means to remain faithful in every season of life. Let us pray God's continual strength and blessings on them, so that they may live with peace and joy, surrounded with the love and gratitude of those whose lives they have touched. Our senior members should know that they are deeply valued, dearly loved, and that their legacy will continue to bear fruit for generations to come.



## 2.UKWAZISA AMALUNGU ETHU AMADALA

Namuhla, ngifuna ukukhumbuza abefundisi bethu ukuthi baziphe ithuba ukuze bahloniphe futhi bazise amalungu ethu amadala ahamba noNkulunkulu ngokwethembeka futhi asebenzela abantu Bakhe eminyakeni edlule. Uhambo Iwabo lokholo, umthandazo, kanye nokubekezela kube ubufakazi obuqinile bomusa nokulunga kukaNkulunkulu. Ngomzekelo wabo wothando oluqinile, ubuqotho, nokuzinikela kuKristu, bakhe isisekelo sesizukulwane esilandelayo.

Ukuhlakanipha ababelana ngakho kanye nokuzidela abakwenzile kuyaqhube ka ukusikhuthaza ukuthi sihambe ngokwethembeka obizweni lwethu. IBhayibheli kuzAga 16:31 (ZUL59 "Ubumpunga bungumqhele wodumo; bufumaniswa endleleni yokulunga.")

Iminyaka yethu singamalunga amadala iyimiqhele ekhombisa impilo ephilwa ngokholo kanye nokuzinikela enkonzweni. NjengomPhostoli uPawulu, bangasho ngempela ukuthi, "Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiliqedile ibanga, ngikugcinile ukukholwa" - 2 KuThimothewu 4:7 (ZUL59).


Masibonge amalungu ethu amadala ngokusibonisa ukuthi kusho ukuthini ukuhlala sithembekile kuzo zonke izimo zempilo. Masikhuleke kuNkulunkulu ukuthi abanike amandla kanye nezibusiso ngokwengeziwe, ukuze baphile ngokuthula nenjabulo, bezungezwe uthando nokubonga kwalabo ababanomthelela omuhle ezimpilweni zabo. Amalungu ethu amadala kufanele azi ukuthi ayaziswa kakhulu, athandwa kakhulu, nokuthi umzekelo wawo uzoqhubeka nokuthela izithelo kuzizukulwaneni ngezizukulwane.

### 3. REVIEW AND DOWNLOAD

Make sure to review and download the following **vital documents** for the Church:

- Latest AFM Circular: Pastors' Appreciation Month - October 2025
- The 2026 AFM of SA National Calendar (Updated: October 2025)
- The AFM of SA's Response to the CRL's Call for the Regulation of Religion

All these documents are available from the AFM of SA website from the following link:  
<https://afm-ags.org/media-articles/>



THE APOSTOLIC FAITH MISSION  
OF SOUTH AFRICA

Home About Beliefs Leadership Departments Resources Locate Contact

## Media & Articles

Friendly Regards! | Ozithobayo!  
Henri Weideman

## THE APOSTOLIC FAITH MISSION OF SOUTH AFRICA

### National Office

Building no. 14, Central Office Park, 257 Jean Ave, Centurion,  
Gauteng, South Africa  
P.O. Box 9450, Centurion, 0046  
Tel: +27 12 644 0490 | Fax: +27 12 644 0732/4  
[www.afm-ags.org](http://www.afm-ags.org)

Connect with Us:

